

# Ukuhamba epaki

Ibhalwe nguHagen Engler | Imifanekiso nguNatalie Hinrichsen

ULiso uyakuthanda ukungena ku-inthanethi.

Isizindalwazi sakhe asithandayo sinakho konke akudingayo ukuze azithokozise. Ufundu izinhlobo eziningi zomdanso. Ufundu okungamaqiniso abengawazi ngemvelo. Uzitholela abangani emhlabeni wonke.

“Make siyohamba epaki,” kusho uBaba, esusa amehlo akhe ku-laptop.

“Kungcono ngibe ku-inthanethi,” kusho uLiso.

“Ngingadlala, ngingafunda, futhi ngingazivocavoca,” kusho yena. “Kungani-ke ngidinga ukuya kwenye indawo?”

“Hhayi-ke,” kusho uBaba. “Kukhona izinto eziwumlingo emhlabeni wangempela...”





Ku-inthanethi, uLiso ahlangene nomngani wakhe uJamila.  
“Bewenzani?” kubuza uJamila.  
“Angenzanga lutho olutheni,” kusho uLiso. “Bengiku-inthanethi.”  
“Kwakuhle,” kusho uJamila.

“Besiyohamba epaki. Sibone izinhlobo ezahlukene zezi-nyoni. Sibone ihlokohloko lakha isidleke ngasechibini!”

“Kwakuhle lokho!” kusho uLiso. “Kuzwakala kukuhle kakhulu.”

“Bekunjalo,” kusho uJamila. “UBaba uthe yinyoni yenduna ebeyakha isidleke, eyensikazi iyile yayosihlola. Angicabangi ukuthi isithandile, ivele yasihlakaza sonke!”

ULiso wayokhulumu nomngani wakhe uThalia.

“Make sidanse,” kusho uLiso.

“Emva kwesikhashana, kusho uThalia.

“Ngikhathele, kade ngiyogijima.

“Uyogijima? kubuza uLiso.

“Ubugijima kuphi?”

“Besigijima ehlathini elihle,” kusho uThalia. “Sibone impunzi, inkawu, kanye nomkholwane, onomlomo osawolintshi kanye nesisila eside!”



“Kwakuhle lokho,” kusho uLiso. “Kuzwakala kukuhle kakhulu!”  
“Bekunjalo,” kusho uThalia.  
“UMama uthe bekuyinyoni yenduna. Iblethe ukudla esidlekeni.”

UThalia wayekhathele kakhulu ukuthi angadansa, ngakho-ke uLiso wabhalela umngani wakhe u-Ina umqhafazo.

“Make siyodlala epaki lokuchitha isizungu laku-inthanethi,” kusho uLiso.

“Angeke ngikwazi,” kuphendula u-Ina. “Ngiya epaki nabazali bami. Emhlabeni wangempela!”

“Kulungile,” kusho uLiso.


“Ngizokhulumu nawe ekuhabeni kwesikhathi.”


ULiso wayicabangisisa le ndaba. Wase ememeza.

“Baba!” kumemeza yena.

“Masiyohamba epaki!”

UBaba wavala i-laptop yakhe.





Epaki, uLiso kanye noBaba wakhe babona inyoni enombala oluhlaza okwesibhakabhaka ogqamile enogedla olude oluluhlaza okotshani.

"Ewu," kusho uLiso, "kazi uhlobo luni lwenyoni-ke lolu!"  
"Ngicabanga ukuthi umkholwane waseKnysna," kusho uBaba. "Make sizame ukuwulandela."

Inyoni yandiza isuka phezulu kwesinye isihlahla iya kwesinye. Inyoni yahlala egatsheni lesihlahla. Inyoni yehlela esigqikini somkhovu. ULiso kanye noBaba wakhe bayilandela, begijima indlela yonke.

"Liso, awuyibingeeli ngani," kubuza uBaba.

"Mhlawumbe umkholwane womlingo nje?"

ULiso wathi ukukhwehlela kancane...

"Sawubona bo," kusho izwi. "Wenzani lapha?"

ULiso kanye noBaba wakhe bahlahla amehlo...

Eceleni kwabo, phakathi nepaki, kwakukhona uJamila, uThalia kanye no-Ina, nabazali babo!

"Nankuya usuka futhi umkholwane," kumemeza uLiso.

"Make siwulandele!"

"Lezi zinyoni zisisuse ezikrinini zethu, zasikhipha ezindlini, zasiyisa emvelweni ndawonye," kusho uBaba kaLiso. "Vele phela ziyizinyoni zomlingo."

# Ukuhamba epaki

Ibhalwe nguHagen Engler • Imifanekiso nguNatalie Hinrichsen

## Imibono okungaxoxwa ngayo

Yini oyenzayo ukuze uzijabulise?  
Uxhumana kanjani nabangani bakho?  
Iyini i-inthanethi?



## Ezibonakalayo

Iyiphi indawo yangaphandle oyithanda kakhulu? Dweba isithombe sakho ulapho.



## Ukufunda

Yiba umseshi wendaba!

- ★ Zingaki izinhlobo zezinyoni ezishiwo endaben?
- ★ Ungakwazi yini ukuthola amagama ezilwane zasendle ezimbili?
- ★ Yimupni umusho okutshela ukuthi uLiso ubesewushintshile umqondo ngokuya epaki?
- ★ Zingaki izindlela ezhilukile uLiso axhumana ngazo nabangani bakhe?



## Ukubhala

Bhala umyalezo okungenzeka uLiso uwubhalele omunye umngani lapho efika ekhaya evela epaki.



## Umsebenzi wezandla

Ssebenzisa amagatsha amancane, utshani namacembe ukuze wakhe isidleke senyoni.



## Ukusebenza

Yenza sengathi uhamba epaki: zelule ukuze ubone ingaphezu lesihlahla, lala phansi ukuze ubone izitshalo nezilwane ezisemhlabathini bese ulandela inyoni endiza phezu kwesihlahla iya kwesinye isihlahla.

